but on 2 Oct, re from ukuti catsha

Socwatsha does not know origin or meaning of his. It is a name given him by his mother. The name given by his father was uNembe, whilst Mtana was another of his names. These fell into desuetude.

Bongoza. Plati. Ndengezi ka Kuzwayo. More old stories t'd by his father. Anecdotes re Tshaka.

57/5/25-8 In uHlangakula, pp. 60-62.

29.8.21.

'Bongoza ka Mefu, wa kwa Ngongoma.

(see p. 18 - re Bongoza)

uDingane wa yalwa na maBunu. Amabut'ake a katala. Izinduna za nazo zati amabut'a se katele. A ku telo' emBunwini. Ku telwe qede, ku kokwe izinkomo za maBunu e zadhliwayo, e za puma le ndaba, ukubakulwe nje. Ku buye ku kok' uPiti nge zinye izinkomo, owa kwagal'amhlambi u ngo wo ku tela, owe sibili ube o wo ka kok' uPiti. o we si tatu, u buyise izinkomo za maBunu e zadhliwayo. U ku coleliwane-ke, nabo ba buyel' endaweni yabo, ba hlala, lapa ba bake kona, oBalele. Kwa vel' uBongoza, wati: Mina ngi za u ba yenga, ngi ku tatwe amabuto a lala lap' ehlanzeni, a catshe ehlanzeni le Mfolozi 'mhlope. So ku tata izinkomo-ke e zi vam' izimhlope, zi telwe yonke indawo le, zi ze zi pumelele nga pitsheza kwe Mfolozi ku ilo zi gale lap' oPate. Mina-ke ngi zo ba tshel' ukuti u Zulu u pelele; se zini zodwa izinkomo

naba peind' empini se be ku kule ba hamba, baqondi
enzakato. ~~[illegible]~~ So ku vel' uNzobo, uti:
"uqinisil' uBongoza, ehlanzeni si nga batshaya ei ba
gotule." Kwa se kutenwa ke, yebo ke. Bala ke uBongoza
wa hamba, waya kwa maBunwini. Bala ke u Zulu izinkomo
zenziwa njal' emfolozi, namabuto enziwa njalo,
ehlanzeni, a catsha, a z'akaul' o Pate. Wa fika
uBongoza kwa maBunwini, e maraqaraqa, e se mhlotshana
'paqa, so ku bonakal' ukuti: "Au! nang' umunt' o se
feluwe izwe". Bala, u se zokonza. Watsho njalo, wati:
amabuto a hambile, ka seko. At' amaBunu: u nga
si kombis' indhlela na?" Wa vuma. Ahloma. A
hamba ke naye. U hamba pambil' edwze nje.
Inkangalana e seMtonjaneni bazi nquma, se
be zamakank' o Pate. ummango wapo Pate, o bang'
emfolozi, umi kabi, ute dwi! njeng' eNkandhla.
Befika kwa hashini, ba wa rol' nga matomu.
Behla be irele, umzila. Izinkomo se be zi
bonile nabo, ukuti Ke! zi gcwel' izwe. Ku mhlope,
ku mnyama, ku bomvu — imbala ye zinkomo.
Yena wati qatsha pambili. Wa hamba nabo.
Ngo kuti abapambili bati qqitshi nje k lopsa
ku zel' ummango, se be ngena ezihlahleni ze
hlanze, a baka gibeli kwa hashini. ~~[illegible]~~
Se be tuka u Bongoza be nga sa m boni. Siti siti

ezihlahleni! Be zwa nje, e se memeza, izwi lake.
Eti: "Ba pakati, mabandhla ka Mjokwane ka Ndaba
ngoke ngezwe-ke!" Utsho njalo u ponseka pakati
kwaye, wipe' e kalshile. Abanye ba nga lapa kwempi
abanye ba ngale. Ukambanje u se gondile ukuti a
ngi yi fake lapa, ngob' olunye upondo lu lele nga
lapa, olunye lu ngalapaya. A vuk' amabuto,
bayi tshaya laba a ba se beti-gqitshi, ba behl'
umuva bolu. Yayi sata i ya totela, i si teleka ku
won' amaBunu, ayi tshaya. Ka vuma una ba
sondel' eduze. Ngoba isibamu se be sazi, ba ye se-
saba. Kade ya yi luwa be ba scotsha, ilwe eNcome,
nase eMtshezi nase mngeleni. Ehla amaBunu, la
a pol' amahashi. A pelela pansi, lapa ku pela
kona umlate. Ngo ku pelela kwaiyo, a se kwehl'
emahashini, a se fumbata, a penz' imbokodwe.
Ese gonda kon' emfolozi, e tshay' e tshay' kon
emahashini. uZulu u se damuka izinhlangoti
zombili. amaBunu uZulu a m dabula, a ma-
hlukanisa pakati, a gond' eMfolozi, e zibuk-
weni la Kwa Nolele [ordinary drift] ~~ta~~ a wela,
a gond' eMabedhlana. Ezakuti impi e landelayo,
ba pendukebayi tshaye. Ese gond' eziHlalo, a
se gond' eDhlebe nase Nhlazatshe, e se
gond' okaLweni kwa se maPiseni, ngapambili kwe
Nhlazatshe, nga ku Mabankulu. ~~uZulu~~ amabuto

a kwa Zulu, a sale kona' eMfolozi, e hamba isipoli — se ku potile, a ku sa tshisi.

amaBunu a hamba a ya penduka, a beka ngase sifunguwini ← (uHlangabula story ends here)

[uti ubaba, uPapu,] amaBunu a fik' eNatal e pela, [ngob' uya wazi]. [Waze e konze kuwona, e seng' izinkomo zaw' amaBunu. Eze ngela ~~wa~~ nabo, be tshaz' izinyama zawe. Ne ya semtshezi, ubaba waze kona, e nga semaBunwini. Impi a ~~wa~~ ye ngeko kuyona, e ya sobite. Ufika nje uMpande, eza, e yo ncesewa uMatiwane no Ndlela, ubaba u pe kona emaBunwini. U fik' ~~a~~ uNzobo ka Sobadhli ka Dhlukula, ~~ezo~~ ~~eel' u N~~ e landa uMpand' emaBunwini, u bab' ukona. Ba bopel' uNzobo esondweni le ngwole, (this happened kwa Njanduna (hill) – near Verulam, on south side of Mhlali) ubab' ukona, kodw' uyapela, use ka za ugalisiwa insceba e li lap' edolweni (left), a li hlatshwa uZulu e Ndonda kusuka, yena elwela amaBunu.]

uMpanjana zo msenge! said by Dingana of Mpande at Magongo eMkande. that is where D. was intended going — [illegible] uBombo.